

# KUVALWE IGATSHA LAKWA-SARS ELISE-ALBERTON NGENXA YOMLILO

**Pretoria, ngoMsombuluko 27 kuNhlaba 2019** – UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika luvale igatsha elise-Alberton emva kokuqubuka komlilo olimaze isitezi sokuqala namuhla ngoMsombuluko mhla zingama-27 kuNhlaba 2019.

Bakhishiwe abantu esakhiweni kanti akukho kulimala kwabantu okubikiwe.

Ngenxa yalokhu, kumisiwe ukusebenza kwaleli gatsha kuze kube ukuthi izindawo ezithintekile zimenyezelwe njengeziphephile ukuthi kungasetshenzelwa kuzo. Kuzokhishwa uphiko olungumahambanendlwana i-Mobile Tax Unit ezoba se-Alberton Campus ukuze ihlinzeke usizo oluthile oluthinta intela.

Abahwebi boMnyango wokuThelisa kanye namakhasimende belulekwa ukuba basebenzise isitezi sokuqala esisesikhumulweni sezindiza i-OR Tambo Airport, New Agents building, Kempton Park noma SARS Customs Pretoria, (Local), esekhoneni lika-Francis Baard (Schoeman) no-Lillian Ngoyi (Van der Walt Street), SARS Main Building, Pretoria. Lawa mahhovisi azohlinzeka ngosizo kulokhu Imithetho ngeMvelaphi (Rules of Origin), iHhovisi leziMali (Cash Office) kanye nokukhishwa kwamalayisensi nokubhalisa i-Licensing and Registration.

Amadokhumenti athinta uMnyango wokuThelisa angalethwa nase-Alberton Campus, ekungeneni kwesakhiwo somnyango we-Enforcement, St Austell Street, 15 McKinnon Crescent, New Redruth, Alberton. Lokhu kubandakanya ukuthunyelwa kwalokhu DA 63, DA 66, TDN kanjalo nama-Acquittals.

Kodwa-ke, ngemibuzo emayelana nentela yemali engenayo, abakhokhintela bayacelwa ukuba baye kwamanye amagatsha asondelene ne-Soweto – Dube, Soweto- Orlando East, Rissik Street, Edenvale, Boksburg, Benoni kanye nase-Roodepoort.

UPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika luthanda ukuxolisa ngalokhu kuphazamiseka futhi luqinisekisa bonke abakhokhintela ukuthi ukusebenza kuzobuyela esimweni esijwayelekile ngokushesha.